Isifundo 10

*May 27–June 2

Isiprofetho NeMibhalo

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

Isa. 53:1–12; Dan. 7:13, 14; 2 Pet. 1:16–20; Mat. 17:1–6; 2 Tim. 3:15–17.

Indimana Yekhanda:

“Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu; enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu” (2 Petro 1:19).

Njengoba siqhubeka nokufunda izincwadi zikaPetro, linye iphuzu okumele ligqame: ukuba nesibindi nokuqiniseka kukaPetro kulokho akubhalayo. Sobona okufanayo kuPawule: ukuqiniseka okucacile nokuqinile mayelana nalokho abakumemezelayo ngoJesu Kristu neSiphambano. Kwizindimana zaleliviki, sizobona okuningi kwalokho kuqiniseka kukaPetro. Naye usitshela ngokuqiniseka kwakhe. Asikholelwa, kusho yena “ezinganekwaneni” (2 Pet. 1:16)—njengezinkolo zabahedeni bezikhathi zakhe. Kunalokho, uPetro wayeqinisekile ngalokho ayekholelwa kukho, ngezizathu ezimbili.

Sokuqala, wayengufakazi ozibonele “weNkosi yethu uJesu Kristu” (2 Pet. 1:9). Kodwa okwesibili, mhlawumbe okusemqoka kunakho konke (ngoba cishe bonke abanye ngeke babe ngofakazi abazibonele), “yizwi lesiprofetho eliqinisekile” (2 Pet. 1:19). Uphinde futhi abuyele eBhayibhelini, eveza Emibhalweni isiqinisekiso sikaJesu, ikakhulu izigaba zabaprofethi ezikhuluma Ngaye. Ngokungangabazi lezi ngezinye zezigaba uJesu azisebenzisa ebhekise Kuye (Mat. 26:54, Luka 24:27). Ngakho-ke uma uJesu noPetro balithathela phezulu iBhayibheli, thina singekwenze kanjani lokho na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 3.*

UJesu KwiTestamente Elidala

Kuzo zonke izincwadi zakhe, uPetro ubhala ngokuqiniseka. Uyakwazi akhuluma ngako ngoba uyamazi akhuluma ngaye. Futhi esinye isizathu ngesokuthi uyazi ukuthi uJesu kwakuNguye Abaprofethi beTestamente Elidala ababekhombe Kuye. Kwakungukwethemba Izwi Elibhaliwe kukaPetro okwamsiza ukuba amazi Ulizwi "owenziwe umuntu" (Johane 1:14). Ku-1 Petro 1:10-12, uPetro ubhekisa abafundi bencwadi yakhe eBhayibhelini lesiHeberu, kubaprofethi basendulo, nakulokhu ababekufundisa ngoJesu. NgokukaPetro, uMoya oNgcwele wembula ngezikhathi zeTestamente Elidala amaqiniso amabili abucayi ngoJesu: ukuhlupheka kukaKristu kanye nenkazimulo ezayo (1 Pet. 1:11). Lokhu kokubili kuyatholakala kulo lonke iBhayibheli lesiHeberu.

Lezizindimana ndawonye zisifundisani ngeziprofetho zeTestamente Elidala ngoJesu na? Hubo 22; Isa. 53:1–12; Zech. 12:10, 13:7; Jer. 33:14, 15; Dan. 7:13, 14.

Ku-1 Petro 1:10-12, uPetro uqinisekisa abafundi bencwadi yakhe ukuthi banendawo ekhethekile emlandweni wosindiso. Kubona kwakwembulwe okungaphezulu kunalokho okwakwembulelwe Abaprofethi basendulo. Nembala Abaprofethi babekhuluma ngezikhathi zabo, kepha izingxenye ezibucayi zombiko wabo zazizofezeka kuphela ekufikeni kukaKristu. Okunye kwalokho Abaprofethi abakuprofetha kwafezeka ngesikhathi abafundi bencwadi kaPetro ababephila ngaso. Labafundi bakwazi ukuzwa kulabo "abashumayela ivangeli kini ngoMoya oNgcwele owathunyelwa uvela Ezulwini," amaqiniso nezingelosi ezazifisa ukuwazi (1 Pet. 1:12, NKJV). Sebelizwile ivangeli lishunyayelwa kubo, abantu bazi kabanzi kunabaprofethi basendulo iqiniso kanye nesimo sokuhlupheka koMhlengi. Nembala, kuzomele balinde, njengathi, "izinkazimulo ezizolandela" (1 Pet. 1:11, NKJV). Sekufezeke Isigaba sokuqala saleziziprofetho, singaqiniseka ngesigaba sokugcina,ngokunjalo.

Yiziphi izithembiso zeBhayibheli ozibonile zifezeka empilweni yakho na? Yiziphi osazilindele, zibalukele ngani kuwe, futhi ungafunda kanjani ukubambelela kuzo, noma ngabe kunjani na?

Ubufakazi BobuKhosi

Funda u-2 Petro 1:16-18. Yibuphi obunye ubufakazi uPetro athi unabo ngokholo lwakhe kuJesu na?

Ngaphandle kwezwi lesiprofetho, uPetro wayengufakazi wezinye izinto ayeshumayela ngazo. UbuKristu, kusho yena, abusekiwe phezu "kwezinganekwane" (2 Pet. 1:16, NKJV), kodwa pheze kwezinto ezenzeka emlandweni—izigameko yena azibona ngamehlo. KumaVangeli, uPetro wayekhona kwizigameko eziningi ezazibalulekile empilweni nasemsebenzini kaJesu. Wayekhona kushumayelwa, kufundiswa, futhi kwenziwa izimangaliso. Kusukela kwisimangaliso sokuqala sezinhlanzi (Luka 5:4-6) kuye ekuboneni uJesu eGalile ngemuva kokuvuka Kwakhe (Johane 21:15), uPetro wayengufakazi kokuningi okwenzeka.

Ku-2 Petro 1:17, 18, yisiphi isigameko uPetro agxila kuso kakhulu mayelana nalokho azibonela kona na? Lesisigameko sasibaluleke ngani na?

UPetro ugqamisa isigameko esisodwa ayengufakazi waso: ukukhazimuliswa kukaJesu. UJesu wayethathe uPetro, uJakobe, noJohane ukuya nabo entabeni ukuze akhuleke (Luka 9:28). Elapho nabo Wakhazimuliswa phambi kwabo. Ubuso Bakhe bakhazimuliswa, futhi izingubo Zakhe zakhazimula zamhlophe (Mat. 17:2, Luka 9:29). Wabe esehlanganela noMose noEliya, futhi izwi Ezulwini lathi, "Lena yiNdodana Yami ethandiweyo, ngayo ngithokozile" (Mat. 17:5, NKJV). UPetro wayebone okuningi ngesikhathi sakhe enoJesu; kepha, Lesisigameko sigqamile. Siveza uJesu eyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi isikhathi Sakhe lapha sachithwa ngokwecebo likaNkulunkulu, nokuthi wayenobudlelwane obukhethekile noYise. Kukho konke uPetro ayekubonile nayezokubona, Lesisigameko—esihambisana "nalelizwi elavela Ezulwini" (2 Pet. 1:18)—kwabayisona agxila kuso kulencwadi.

Cabanga ngesigameko noma izigameko ezenze umehluko omkhulu empilweni yakho yezikamoya nasokholweni lwakho. Kwakuyini, kwakuthinta kanjani, futhi kusasho ukuthini kuwe namuhla na? Kungani ucabanga ukuthi kwakuthinta kakhulu na? Yabelana ngempendulo yakho neklasi NgeSabatha.

Ikhwezi Ezinhliziyweni Zethu

“Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphume ezinhliziyweni zenu” (2 Pet. 1:19, NKJV).

Fundisisa lendimana. Yini ayishoyo uPetro ebalulekile kithina, nanamuhla na?

Lapha, njengoba sibona ezindaweni eziningi eBhayibhelini (Gen. 1:4, Johane 1:5, Isa. 5:20, Efes. 5:8), Kukhona ukwehlukanisa okwenziwayo phakathi kokukhanya nobumnyama. KuPetro Izwi likaNkulunkulu lakhanya njengesibani endaweni “emnyama” (abanye bahumusha igama elithi ubumnyama njengendawo “engcolile”). Yingakho ekubeka kucace ukuthi sidinga “ukunaka” lokhu kukhanya, sikulandele “kuze kuse nekhwezi liphume ezinhliziyweni zethu.” Siyizidalwa eziwile, esiphila emhlabeni owile nomnyama. Sidinga amandla kaNkulunkulu ukusihola siphume ebumnyameni siye ekukhanyeni, futhi lokho kukhanya nguJesu. UPetro ubhekisa abafundi bencwadi yakhe emgomeni. Abanye bakholwa ukuthi isisho esithi “kuze kuse” sibhekise Ekubuyeni kwesibili kukaJesu. Nakuba lokho kuyithemba lethu elikhulu, umqondo “wekhwezi” liphuma ezinhliziyweni zenu uzwakala ungowamanje futhi ungowomuntu ngamunye. “Ikhwezi” libhekise kuJesu (Samb. 2:28, 22:16). Ukuphuma ezinhliziyweni zethu kubukeka kungukwazi ngoJesu, ukubambelela Kuye ngokuphelele futhi ube namava aphathekayo kaKristu ophilayo empilweni yakho. UJesu akumele abe nje yiqiniso lemfundiso; kumele abe ngumongo wempilo yethu kanye nomthombo wethemba ngokholo lwethu. Ngalokho uPetro usungula ukuxhumana okucacile phakathi kokufunda Izwi likaNkulunkulu kanye nokuba nobudlelwane obusindisayo noJesu, “ikhwezi lokusa.” Nembala futhi, nalokhukukhanya kukhanya kithina, sizokudlulisela kwabanye. “Wonke umhlaba kumele ukhanyiswe ngenkazimulo yeqiniso likaNkulunkulu. Ukukhanya kumele kukhanye kuwo onke amazwe nabantu. Futhi kukulabo abamukele lokhu kukhanya okumele kusuke kubo. Inkanyezi yokusa isiphumile phezu kwethu, futhi kumele sikhanyise ukukhanya kwayo endleleni yalabo abasebumnyameni.”—Ellen G. White, *Christian Experience and Teachings of Ellen G. White*, p. 220.

Ukufunda kwakho Izwi kukusiza kanjani ukuba umazi kangcono uJesu na?

Izwi Lesiprofetho Eliqinisekile

Funda u-2 Petro 1:19-21. UPetro ubhekise kweziphi iziprofetho na? Uchaza ukuthini uma ethi asikho isiprofetho seMibhalo esihumushwa ngasese na?

Ekugcizeleleni ukuthi ubuKristu abusekelwanga phezu kwezinganekwane (2 Pet. 1:16), uPetro unikeza imisho emibili yobufakazi: owokuqala, ubufakazi bokubona (2 Pet. 1;16-18); okwesibili, iziprofetho zeMibhalo (2 Pet. 1:19-21), inkulumo ayisebenzise ekuqaleni (1 Pet. 1:10–12). UPetro uphinde athi "asikho isiprofetho sombhalo esichazwa ngasese" (2 Pet. 1:20, NKJV). Ngokusho lokhu, uPetro akasivimbeli ukuba sizifundele Izibhalo. Lokhu akukho emqondweni walowo othe ku-1 Petro 1:13, "bophani izinkalo zengqondo yenu" (KJV) noma "lungiselelani izingqondo zenu ukusebenza" (NRSV). Kungeke futhi kwashiwo yilowo oncome Abaprofethi basendulo kithi ngokukhula kwabo ekuhloleni izincazelo zeziprofetho ababezinikiwe (1 Pet. 1:10) Pho uPetro wayesho ukuthini na? Ibandla leTestamente Elisha lakhula ndawonye futhi lifunda ndawonye. AmaKristu ayeyingxenye yomzimba omkhulu (1 Kor. 12:12-14). Futhi uPetro lapha wayexwayisa mayelana nohlobo lokufunda lapho othile elahla umqondo ophuma kumphakathi wamakholwa. Ekuxhumaneni nabanye singakhula ndawonye njengomphakathi. Umoya usebenza nomphakathi kanye nomuntu ngamunye kuwo. Imicabango kungabelwana ngayo, icolisiswe, futhi idephiswe. Kodwa lowo osebenza yedwa, engafuni imibono yabanye, angafikelela ekuhumusheni okungekona, ikakhulu entweni efana nesiprofetho. Ezindimaneni ezilandelayo sithola isizathu esihle sikapetro sokuphawula lokhu. Wayebhalela amaKristu okuphakathi kwawo Abaprofethi nothisha bamanga (2 Pet. 2:1). UPetro ubakhuthaza ukuba banikele ukuhumusha kwabo kweZibhalo ekuholeni kwebandla ngokuphelele. Bangaki abantu asebehlehlele ekushisekeleni nasemaphutheni ngoba benqaba ukulalela iseluleko somphakathi wamakholwa aholwa NguMoya na? Kwakuyingozi kuqala, kuseyingozi nanamuhla.

Kungani kusemqoka ukuba sivumele ukwelulekwa yibandla na? Kusenjalo, yimiphi imikhawulo okumele singayeqi ekuzinikeleni kwabanye na?

Izwi Ezimpilweni Zethu

Njengoba sibonile, uPetro wayegcizelela kakhulu Ezibhalweni eziNgcwele. U-2 Petro 1:19-21 uyisiqinisekiso esinamandla sokubaluleka kweBhayibheli Kumava ethu obuKristu kanye nasekuphefumelelweni kweZibhalo. Iphuzu lakhe lisobala ku-2 Petro 1:21. IBhayibheli aliwona umphumela wentando yabantu, Ukwenza kwabantu, njengezinye izincwadi. Yincwadi engumphumela wamandla kaMoya oNgcwele usebenza "ngabantu abangcwele bakaNkulunkulu."

Funda u-2 Timothewu 3:15-17. Lezizindimana zisisiza kanjani ukuba siqonde indima yeZibhalo ezimpilweni zethu na? Futhi ziliqinisa kanjani iqiniso eliku-2 Peter 1:19–21 na?

Esemxwayisile uTimothewu ngezingozi abhekane nazo Nebandla, uPawule unikeza ukubaluleka kweZibhalo. "Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu, futhi ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni" (2 Tim. 3:16). Akesibuke lamaphuzu amathathu. Imfundiso: Izimfundiso yizimfundiso zebandla. Ziveza izinkolelo zomphakathi ezihlokweni ezahlukene zemibhalo ezibonakala zibalulekile Ezwini likaNkulunkulu. Ngokufanelekile, imfundiso ngayinye kumele igxile kuKristu, futhi kumele isifundise okuthile okumele kusisize sazi ukuba siphila kanjani "ngokwentando ephelele kaNkulunkulu" (Rom. 12:2, ASV). Ukuqondisa: UPawule utshela uTimothewu ukuthi Imibhalo ilungele "ukuqondisa, ukusola, ukuyalela ekulungeni" (2 Tim. 3:16). UPetro wenza iphuzu elifanayo lapho ethi isiprofetho seMibhalo sifana nesibani esikhanyisa endaweni emnyama (2 Pet. 1:19). Ngamanye amazwi, Imibhalo iyasiqondisa ngendlela okumele siphiea ngayo izimpilo zethu kanye nokusibonisa ukuziphatha okuhle nokungekuhle. Ziphefumulelwe nguMoya oNgcwele, Izibhalo ziyintando kaNkulunkulu eyembuliwe. "Ukuhlakaniphisela Osindisweni": Uma Izibhalo zithi "zisihlakaniphisela osindisweni" (2 Tim. 3:15), uPawule uveza ukuthi Izibhalo zisikhomba kuJesu. Usindiso lwakhelwe kwinkolelo yokuthi uJesu usezifele izono zethu. Imfundiso, ukuqondisa, Ukwazi ngosindiso: akumangalisi-ke ukuthi Izwi likaNkulunkulu lifana "nesibani esikhanyisa endaweni emnyama lize ikhwezi liphume ezinhliziyweni zenu" (2 Pet. 1:19, NKJV).

Cabanga Kabanzi:

“Kungumsebenzi wokuqala nomkhulu wawo wonke umuntu ocabangayo ukuba afunde Ezibhalweni ukuthi iqiniso liyini, bese ehamba ekukhanyeni futhi akhuthaze nabanye ukulandela isibonelo sakhe. Kumele nsuku zonke sifunde iBhayibheli ngokukhuthala, sicabangisise futhi siqhathanise izibhalo ngezibhalo. Ngokusizwa nguNkulunkulu kumele sakhe imibono yethu siyakhele thina ngoba sizoziphendulela phambi kukaNkulunkulu. “Amaqiniso abekwe obala embulwe eBhayibhelini asetshenziselwe ukungabaza nobumnyama yilabo abafundile, okuthe, ngokuhlakanipha kokuzenzisa, bafundisa ukuthi Izibhalo zinencazelo efihlakele kwezikamoya engekho olimini olusetshenzisiwe. Lamadoda angabafundisi bamanga. Kwakukubo lapho uJesu athi: ‘Anizazi Izibhalo kanye namandla kaNkulunkulu.’ Marko 12:24. Ulimi olutshenziswe eBhayibhelini kumele luchazwe ngokwendlela yalo esobala, ngaphandle uma kusetshenziswe uphawu noma umfanekiso. UKristu unikeze isithembiso: ‘Uma othile enza intando Yakhe, uyakuyazi imfundiso.’ Johane 7:17. Uma abantu bebengathatha iBhayibheli ngengalokhu lifundeka, uma bebengekho abafundisi bamanga bokuholela nokudida imiqondo yabo, bekungafezeka umsebenzi ojabulisa izingelosi futhi ungenise esibayeni sikaKristu izinkulungwane zezinkulungwane zabadavuza emangeni.”—Ellen G. White, *The Great Controversy,* pp. 598, 599.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yiziphi izimiso ezibucayi eziyingxenye yokufuna ukuqondisisa Izibhalo na?

2. U-Martin Luther wabhala lokhu: “Izibhalo ziwukukhanya kwazo.” Ngalokho wayechaza ukuthi kunobunye obukhona eBhayibhelini nokuthi enye ingxenye ingasetshenziswa ukuba isisize siqonde ezinye izingxenye. Yiziphi izibonelo zalesisimiso ongazifumana na?

3. Eklasini bhekani impendulo yenu yombuzo okuMsombuluko omayelana nezigameko ezithinte kakhulu amava enu obuKristu. Yini efanayo kulezizigameko, uma Kukhona na? Yini eningayifunda Kumava omunye nomunye na?

4. Uma othile ubengakubuza ukuthi ukufunda iBhayibheli kuludephisa kanjani uhambo lwakho neNkosi, ibingathini impendulo yakho na? Yiziphi izimiso ozifundile Kumava akho okufuna Ukwazi iNkosi uJesu ngokufunda Izwi Lakhe Elilotshiwe na?

Notes